

Biblia Zuluensis

iViyo leziKhuthali oBanjiswaneni
lokuHumusha nokuBhala kabusha iBhaybheli ngesiZulu



UMHLANGANO WONYAKA

eMtshezi naseVlayhede
12.-14.09.2008

AMAMINITHI

1. Abakhona

ngoMbongeni Mbatha/eMondlo; noThamsanqa Mncube/Osizweni; noSicelo Chonco/eGoli; noBhekumuzi Hlatshwayo/eNgagane; noSeitshiro Mathapelo; noFelix Khwela/eVlayhede; noNjabulo Ndaba/eVlayhede noBheni Khumalo-Seegelken/eJalimane.

2. Abaxolisile

ngoLungile Khobeni/eMgungundlovana; noBheki Mathe/eGoli; noMxolisi Zulu; noPeter Mdlalose kanye noWilliam Zulu/eMondlo.

3. Umsebenzi ngoMgqibelo (13.09.2008), eVlayhede, ePalm Grove ngoShepstone.

3.1 Emva kokubingelelanga nokwemukelwa kwabaqalayo, sinambithisisa isinqumo esisheshayo esisithathé izolo kusihlwa, sokuthutha umhlangano KwaZamokuhle eMtshezi, lapho ubulungiselelwe ukuthi uqale khona izolo ntambama, ulethwe lapha eVlayhede nezindleko ezidalwé ngamalungiselelo agciné engafezeki ngenxa yokungafiki kwabebelindelwe.

3.2 Ngamunye ngamunye uzophosa esivivaneni umnikelo wamaRandi amahlanu (R5) ngenyanga okungamashumi ayisithupha ngonyaka (R60) okuzoba yisikhwama seViyo ezandleni zikaShandu sokubhekana nezindleko ezivela esikhaleni.

3.3 Sihalalisela uMfundisi uDokotela uKhumalo ekwamukeleni kwakhe isicelo soMkhandlu weKerike laseLuthela eNingizimu Afrika (Church Council: Evangelical Lutheran Church in Southern Africa, ELCSA) sokubhekana nomsebenzi wokuhola nokuqondisa eziphathelene nokuhunyushwa nokubhalwa kabusha kwebhaybheli (Bibel-Translation Coordinator).
- Bheka emhlane wala maminithi -

3.4 Siyabukeza ukuze abaqalayo bangene, siqhubekisane: OBheni noMbongeni noFelix basixoxela ngomlando walolu banjiswano

lokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli ngesiZulu, baphendule nemibuzo evelayo ngokudedelana. Engxoxweni esukayo, basethulela ulwazi ezindimeni iViyo leziKhuthali eseledlule kuzo selokhu laqala:

- [umlando wokwenanwa kwezincwadi zethestamente elidala \(ThD\)](#)
- [umlando wokwenanwa kwezincwadi zethestamente elisha \(ThSh\)](#)
- [ithestamente elidala lavelaphi?](#)
- [ithestamente elidala lisalifundelwani?](#)
- [umlando kalzrayeli](#)

3.5 Sithola ulwazi ngokulotshwa nokufundwa kolwimi lwesiHebheru, sifundisana iHubo lokuqala ngesiHebheru, nalowo nalowo uthola ithuba lokulihumushela esiZulwini ngokwakhe, siqhathanisa imiphumela, sithola ulwazi olubanzana ngendlela iViyo lethu elisebenza ngayo ekuhumsheni izincwadi zeThD - „iFemu“ (functional equivalent method = *fem*).

- [sifundisana ukufunda isiHebheru](#)

3.6 Sifundisana sicubungula indaba yamadodakazi kaSelofehadi (Numeri 23,33; Numeri 27, Numeri 36 nakuJoshwa 17), sibonisana ngendlela engabekeka ngayo ngokuzwakalayo ngesiZulu.

3.7 Emva kokudla kwasemini sedlulela ezindimeni zolwazi ngophahla nomlando webhaybheli:

- [ngubani owabhala yiphi incwadi?](#)
- [uncwadi-nhlanu](#)

UFelix uvuma ukubhekana nomsebenzi wokuqhuba uhlu lwamagama namabizo esihlangana nawo ebhaybhelini njengoba lwase luqaliwe:

- [uhlu lwamagama namabizo \(lusaqhutshwa\)](#)

3.8 Sichathekelelana ulwazi, sinikana imibono ngezindlela isiZulu esingabhaleka sifundeke ngazo kangcono nangokuhambisana nentuthuko:

- [BHALA NJENGOBA UKHULUMA \(" Bhanjekhu "\)](#)

4. Umsebenzi ngeSonto (14.09.2009) kwaKhumalo ngoDibhadeshi (Deputasie).

4.1 Sibukeza izindima ebesiziphethe izolo.

4.2 Sedlulela kweziphathelene noDavide:

- [izenzakalo ezisemqoka empilweni kaDavide](#)
- [uDavida nebutho lakhe lezigebengu](#)

4.3 Sibonisana ngamabizo-mfakela nangendlela esingawemukela ngayo obanjiswaneni lwethu lokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli kanye namaphutha esihlangabezana nawo ebhaybhelini elisetshenziswayo aseze agcina esejwayelekile-nje noma engahambisani nengqondo yombiko owaqukethe: Siwalungise noma zilime ziy' etsheni?

4.4 UBheni uvuma ukubhekana nomsebenzi wokwethula izindima esesedlulé kuzo emphakathini

- ngokuzendlala eshashalazini lakhe lasomoyeni
www.benkhumalo-seegelken.de/texte-ibhaybheli.html
- ngokuqhuba uhlu lwezincwajana „zimnandi ngokuphindwa“
- ngokuqala uhlu olusha oluqondene nabangasazi isiZulu, lubaxoxela ngesikwenzayo nesesedlule kukho ukuze kukwazeke ukwethekelisana nanabo lapho kudingeka khona. Incwajana yokuqala kulolu hlu isisendleleni:

[Narrative Report: READING WITH EARS IN ZULULAND TODAY. Booklet 1](#)

4.5 Siphindela kweziphathelene noDavide.

5. Umhlangano olandelayo

UShandu uvuma ukubhekana nomsebenzi wokusicelela emzini iMaria-Ratschitz eWashbange ukuthi ngonyaka ozayo sihlanganele khona kusukela ngoLwesihlanu ntambama kuya ngeSonto ntambama zilishumi nanye kuya mhla zilishumi nantathu kuSepthemba (11.-13.09.2009).

nguNjabulo Ndaba

>> [Biblia Zuluensis](#)

ISITHASISELO

Yakhani izindlu, nihlale kuzo;
 dabulani amasimu, nilime, nidle izithelo zawo;
 gananani, nizale amadodana namadodakazi;
 thathelani amadodana enu abafazi, nendise amadodakazi enu
 ukuze azale amadodana namadodakazi, nande, ninganciphi.
 Shisekelelani uxolo nokwazisana emphakathini enginikholeselise kuwo,
 niwake niwufisele okuhle;
 ngoba uma izinto ziwuhambela kahle, zonihambela kahle nani.
 - jeremiya 29, 5-7 -

02.07.2008

Evangelical Lutheran Church in Southern Africa (ELCSA)
 - General Secretary Rev. P.B. M a t h e -
 Geldenhuys Road 24
 1619 BONAERO PARK
 Republic of South Africa


BIBLE-TRANSLATION COORDINATOR

Dear Reverend Mathe,

I gladly acknowledge receipt of your letter dated 01. June 2008 and am pleased to note that the Church Council No. 112 of the Evangelical Lutheran Church in Southern Africa meeting from the 19th to the 21st of May 2008 resolved to accept my offer to assist the ELCSA in evolving and coordinating initiatives and networks in bible-translation.

Looking forward to an eventful and fruitful venture, I convey kind regards.

Yours in His service



02.07.08

Rev Dr Ben Khumalo-Seegelken
 - ELCSA Bible-Translation Coordinator -
 "KwaMachanca"
 Alte Ziegelei 4
 D-26197 HUNTLOSEN
 eJalimane/Deutschland

Tel/Fax 00 49 - 44 87 - 75 02 85
khumalo-seegelken@t-online.de